NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2022

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-16. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala esinye nesinye isiqephu ekhasini elisha.
5. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
7. Shiya umugqa emva kwempendulo.

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA NOKUBUKELA

UMBUZO 1

Funda indatshana engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kuqopheke umlando begomela i-Covid-19

18 kuNhlolanja 2021



UNGQONGQOSHE wezeMpilo kuleli, uDkt Zwelini Mkhize egomela **i-*Covid-19*** izolo eKhayelitsha District Hospital, e*Cape Town*.

KUPHELILE ukuqagela ngendaba yomgomo weCovid-19 njengoba izolo ngoLwesithathu **uMongameli** waseNingizimu Afrika uMnu Cyril Ramaphosa, uNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Zweli Mkhize, nabahlengikazi begonyelwe iCoronavirus obesekuphele eside isikhathi lo mgomo ulindiwe.

Le ndaba yenzeke izolo eKhayelitsha, e-*Western Cape*, nalapho inqwaba yabahlengikazi bethole umjovo wabo okhiqizwe ngabakwa*Johnson & Johnson*.

Kuzokhumbuleka ukuthi kuke kwasuka umsindo ngomgomo we-AstraZeneca obuqhamuka e-India, ofike kuleli emasontweni amabili edlule njengoba kuvele ukuthi kawukwazi ukumelana nalolu hlobo olwehlukile lwegciwane abathi yi-501Y.v2 okuyilona oludlange kakhulu kuleli.

Emuva kokuthola elakhe ithuba lokugoma, uMongameli Ramaphosa udlulise amazwi okubonga ethimbeni lososayensi nezisebenzi zomnyango wezempilo ngeqhaza labo.

Uthe ngesinyathelo asithathile sokuzogoma obala ukhuthaza bonke abantu bakuleli ukuba bangenqeni ukugoma ezindaweni ezilungiselwe lokho.

"Ngesikhathi ngithola umgomo, kangizange ngizwe nobuncane ubuhlungu, kusheshe ngendlela eyisimanga," kusho yena.

IEB Copyright © 2022

Ekhuluma nabezindaba uDkt Mkhize, ufanise abahlengikazi bakuleli namasosha asekhaleni lempi enzima.

Ngokwemibiko kuthiwe izindawo ezikhethiwe ukugoma umphakathi ezifundazweni zonke kuleli yilezi:

- **Eastern Cape:** kuqokwe iNelson Mandela Academic Hospital, eMthatha neLivingstone Hospital, ePort Elizabeth;
- **Free State:** Pelenomi Hospital ne-Universitas Hospital, zombili eziseBloemfontein;
- **Gauteng:** Chris Hani Baragwanath Hospital, eSoweto naseSteve Biko Academic Hospital, ePretoria;
- **KwaZulu Natal:** Inkosi Albert Luthuli Central Hospital nasePrince Mshiyeni Memorial Hospital, eMlazi;
- **Limpopo:** Pietersburg Hospital neMankweng Hospital ePolokwane;
- **North West:** Job Shimankana Tabane Hospital, eRustenburg ne-Klerksdorp/Tshepong Hospital, eKlerksdorp;
- **Northern Cape:** Robert Sobukwe Hospital, eKimberley.

[Skhosiphi Mthembu noBonginkosi Zondi]

1.1 Ibhalwe ngamuphi unyaka le ndaba? (1)

1.2 Obani abathole umgomo kuqala? Bhala ababili. (1)

1.3 Bhala igama lenkampani elethe imijovo ngokwendaba. (1)

1.4 Ngokwendaba, yiziphi **izibhedlela** lapho abantu abangaya khona ukuyogoma uma bekulezi zifundazwe? Bhala isibhedlela esisodwa esifundazweni ngasinye.

1.4.1 EGauteng (1)

1.4.2 EMpumalanga neKapa (1)

1.5 Caphuna amazwi kaMongameli akhombisa ukuthi akabuzwanga ubuhlungu ngenkathi eqeda ukugoma. (1)

1.6 Endabeni, tomula **umqondofana** wamagama alandelayo.

1.6.1 emavikini (1)

1.6.2 eqenjini (1)

1.7 Yini umsebenzi walaba bantu?

1.7.1 UNqongqoshe wezempilo (1)

1.7.2 UMongameli. (1)

1.8 Tolika leli gama ngesiZulu *Corona Virus*. (1)

1.9 Uthini umbono wakho ngomjovo wokugomela leli gciwane? Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.10 Nikeza le ndaba indikimba. Kungani uyinika le ndikimba? (2)

[15]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 2

Funda lesi siqeshana esingazansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Igama lami nguDumi. Nginguthisha ofundisa eSt Mariya College kwesinye sezikole esidumile eGoli. Ngifundisa abafundi bebanga 12 isifundo sezokuvakasha, phecelezi i-*Tourism.* Kulo nyaka ngihlele ukuvakashisa abafundi bami e-KZN ukuze bayozibonela ngamehlo idolobha elidume izwe lonke. Esikhathini esiningi uma sifunda ekilasini abafundi bami bavamise ukuthi: "Sir, sizovakashela nini eDurban? Sifisa ukubona ulwandle, sibhukude futhi sizulazule idolobha lonke." Ngakho-ke, ngibone kukuhle ukuthi ngithumele abakwaTourism umyalezo nge-imeyili ngifake isicelo sokuvakashela kule ndawo.

AbakwaTourism South Africa baphendule ngokushesha emva kokuthumela isicelo sokuvakasha. Nansi imininingwane abangithumele yona:

Sawubona Mr. Nonkosi

Siyabonga ngesicelo sakho sokuvakashela endaweni yethu. Wena nabafundi bakho nizokujabulela ukuba nathi. Uma nifika esikhumulweni sezindiza nizofika umshayeli wasehhotela enilindile. Lo mshayeli wekhumbi uzonithatha niye ehhotela nabafundi bakho. Nizophumula isikhashana bese emva kokudla isidlo sasemini sinithathe nge-*Durban Riksha*. Lolu hlobo lwesithuthi luzovakashisa wena, abafundi bakho nezivakashi ezizobe zilele kuleli hhotela enizolala kulona. Nizozulazula yonke indawo ngalesi sithuthi.

Durban Ricksha



ISITHOMBE A

Nazi izithombe ezibonisa izindawo esizovakashela:



ISITHOMBE B



ISITHOMBE C

South Africa DURBAN
DURBAN
THE WARMEST PLACE TO BE

Durban, the warmest place to be.

2.1 Wenza msebenzi muni uDumi? (1)

2.2 Uzovakashela kuphi uDumi?

2.2.1 Bhala igama **lesifundazwe** ngegama eliphelele. (1)

2.2.2 Bhala igama **ledolobha** ngesiZulu. (1)

IEB Copyright © 2022

2.3 Kungani ezovakashela kule ndawo? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.4 Bhala impendulo ngokusebenzisa izithombe ezingenhla.

2.4.1 Bhala uhlobo lwesithuthi abazozulazula ngalo emgwaqweni. (1)

2.4.2 Yini igama lesithuthi esihamba emanzini abazosibona? (1)

2.5 Ucabanga ukuthi abantu abasesithombeni C yini abazoyenza ukujabulisa izivakashi? Sekela impendulo yakho. (2)
[9]

UMBUZO 3



3.1 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA bese usekela impendulo yakho.

3.1.1 UBhoza ushadile. (2)

3.1.2 UBhoza uzohamba yedwa. (2)

3.2 Le nkulumo yenzeka ngayiphi inyanga? Bhala ngesiZulu sangempela. (1)

3.3 Amazwi alo muntu wesifazane akhombisa miphi imizwa? (1)
[6]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 4

- Funda le ngxoxo bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele, ungasebenzisa nezihlanganiso.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-5 NOMA amabhulethi. UNGABHALI isigaba.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

Ukuba ngumuntu omusha kumnandi. Into emnandi ngako ukuthi ubhekana nokukhula kwakho futhi unethuba lokuzikhethela ukuthi ufunani ngekusasa lakho. Abanye abantu abasha abazazi ukuthi bafunani. Ngicabanga ukuthi inkinga yila malungelo afika nenkululeko. Abazali babeka lokhu nalokhu kepha kuyafana uma uzama ukukhuluma nabo ngoba kungena ngapha kuphume ngale, abafuni ukulalela. Uma umzali ekhuluma nabo abezwa lutho, ngisho nasekhaya imbala. Hhawu! We buchwepheshe ndini kodwa bakuthathaphi? Bahlale bematasatasa phansi phezulu nomakhalekhukhwini babo. Abanye baphatha omakhalekhukhwini babo zikhathi zonke ngenxa yokuthi banezingxoxo namasoka noma izintombi zabo. Abanye abantu abasha basuke bekhuluma nabangani behlela ukuthi kuhlanganwa kanjani ukuze baye ezitolo ukuyothenga izimpahla ezisemfashinini noma ukuyodla ezitolo zokudla. Ubabona kuma *malls* behlangene kumnandi beya kobuka amabhayisikobho noma beya ezitolo zokudla. Kusobala ukuthi ubudlelwano kubantu abasha buhamba phambili. Ikakhulukazi ubudlelwano phakathi kwabo nabangani babo noma izithandwa zabo. Kwesinye isikhathi kufanele baqonde ukuthi kubalulekile ukuchitha isikhathi nomndeni. Umndeni uyohlale ukhona ngaso sonke isikhathi, ngeke ukulahle. Abangani, amasoka nezintombi kungenzeka ukuthi banobuhlobo besikhashana. Akuyona impilo enhle ukuhlala kumakhalekhukhwini zikhathi zonke, uncishe umndeni wakho ithuba lokuba nezingxoxo. Ngakho-ke, ngiyabaxwayisa abantu abasha ukuthi ubudlelwano nomndeni bubalulekile. Yize kunjalo iningi labo liyawuqeda umatikuletsheni. Okungimangazayo nje ukuthi uma beqeda isikole bafuna ukuba ngosomabhizinisi noma abammeli. Njengoba bonke befuna ukwenza imisebenzi efanayo ngubani ozofundisa abantwana ezikoleni? Kungani uma abantu abasha beqeda umatikuletsheni bengayi ukuyofundela ubuthishela noma ubuhlengikazi? Ngubani ozofundisa bona laba bammeli nosomabhizinisi futhi ngubani ozokwelapha isizwe sakusasa na? Phendula muntu omusha.





IEB Copyright © 2022

Ekufinqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu indaba ekhuluma ngabo nobudlelwano babo.
- Okungajabulisi umbhali.
- Izinto abazenzayo ukugcina ubudlelwano babo.
- Iziyalo zombhali.
- Okumayelana nemfundo nemisebenzi.

UKWABIWA KWAMAMAKI

Ingqikithi	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi	Umfundi usebenzise inkulumo mbiko, wabhala ngamagama akhe. Uyihumushe kahle indaba.	(1)
Amaphuzu	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani	Amagama esephelele ayi 50 kuya kwayi 60.	(1)
		[10]

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 5

Inkondlo A – Efundwe ekilasini

Ngikhathele Ngidiniwe – Bongani Mavuso

Ngikhathele ngidiniwe,
Amehlo ami agcwele ubhici,
Ngenxa yesici,
Esibhacekwe emzimbeni wami ngidiniwe.

Mabonakude uyinkathazo,
Uyinkathazo mabonakude,
Udoba izingane ngopopayi,
Zikholwe yiyo yonke le mfishimfishi,
Zikholwe yilo lonke lolu vucu.

Empeleni uyinto yamavila,
Ovila voco abahlale bebila,
Wuvalo lokukhala kwesivalo sentshebe,
Kwazise phela ayizwani nezingane,
Ezigqolozela ububi bakho mabonakude ndini.

5.1 Imbongi ithi ikhathele idiniwe. Idinwe yiluphi uhlobo lobuchwepheshe? (1)

5.2 Enkondlweni, caphuna amagama asho lokhu:

5.2.1 udoti/ into engenamsebenzi. (1)

5.2.2 iphutha. (1)

5.3 Ngokwesakhiwo sangaphandle, hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Ngokwesakhiwo sangaphakathi, hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)
[7]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 6

Inkondlo B – Efundwe ekilasini

1	**Uma kukuhle ziyangazi,**
2	Uma kukubi azingazi,
3	Izimpisi ezigqoke isikhumba semvu.
4	Cha zinonya olungakaze lubonwe;
5	Elimhlophe ziliveza lapho ngiqhamuka,
6	Kuyothi lapho ngisithela zingibeke amabala.
7	Zinjalo-ke izimfamona,
8	Azifuni ukubona omunye umuntu enotho.

[Bongani Mavuso]

6.1 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)

6.2 Phawula ngalokhu:

6.2.1 Umoya wenkondlo. (1)

6.2.2 Umyalezo wenkondlo. (1)

6.3 Imbongi iphawule ngezilwane ezimbili enkondlweni.

6.3.1 Khetha isilwane **esisodwa** osithandayo. (1)

6.3.2 Yisilwane esinjani lesi? (1)

6.4 Imbongi ikhuluma ngabantu abanjani kule nkondlo? Ungabhali okusenkondlweni. (1)
[6]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 7

Inkondlo C – Efundwe ekilasini

Elikabani Iphutha? – Nhlakanipho Zulu

Ngabe elikabani leli phutha?
Ngalezi zingane ezehla zenyuka nemizila?
Ngabe zaqhuma etsheni na?
Lezi zingane zehla zenyuka nemigwaqo,
Zihlwitha izikhwama, zihogela i*glue*,
Maye zakubona zakubeletha.

Ngabe isintu sithule sithini?
Nxashana isisekelo sesizwe,
SikaPhunga noMageba,
Siphenduka imilalandle nemidlwembe?
Amaphoyisa abe esathe ayangenelela,
Ayaqoqa angabi nawo umhume,
Lapho ezoziphonsa khona.
Uma uzithinta uthinta isidleke seziqandi,
Abamele amalungelo esintu,
Abezenhlalakahle abakhankasela ukuthula,
Bonke bathi yobe, buya neno.
Pho elikabani leli phutha?

7.1 Bhala abasebenzi ababili bakahulumeni okukhulunywa ngabo kule nkondlo. (2)

7.2 Esitanzeni sesibili, thola amagama **anomqondo ophikisana** nalokhu:

7.2.1 Izingane ezilalelayo. (1)

7.2.2 umsindo. (1)

7.3 Bhala isizathu esisodwa esenza lezi zingane zihlale emgwaqweni. (1)

7.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma.

7.4.1 Zaqhuma etsheni. (1)

7.4.2 SikaPhunga noMageba. (1)
[7]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 8

Inkondlo D – Engafundwanga ekilasini

Yimina Lowo – L. W. B. Mathenjwa

1 **Ngimkhulu ngiyathandeka**
2 Ngicwebile kwabangibonayo
3 Ngin**a**m**a**kh**a** kw**a**b**a**ngith**a**nd**a**yo
4 Ngimtoti kwabangidingayo

5 Ngitholakala ndawo zonke,
6 Emcimbini ngiyaphakanyiswa,
7 Kwabahlangene ngingundabizekwayo
8 Yimina-ke lowo.

9 **Ngimkhulu ezinsizweni ngidumile,**
10 Ngidumile ezintombini
11 Ngiyindod' emadodeni
12 Yimina-ke lowo.

13 Izinsizwa ngizishaya phansi
14 Izintombi ngizishaya phansi
15 Abadala ngibenz' inhlekisa,
16 Yimina-ke lowo.

17 Ngibashis' imilomo basangane,
18 Ngizosa bezwa izibindi,
19 Ngibashis' emini bebade,
20 Ngiluketshezi ngiyatengatenga,
21 Yimina-ke lowo.

8.1 Hlobo luni lwefanamsindo lolu olusemgqeni 3? (1)

8.2 Kuyini lokhu okugqamile emgeni 8 nomugqa 12? (1)

8.3 Estanzeni sesithathu, tomula igama elisho ubulili besifazane. (1)

8.4 **Isigqi sale nkondlo siyanensa**. Sekela lesi sitatimende. (1)

8.5 **Estanzeni sesine**, thola izinhlobo ezimbili zokuxhumana nezibonelo zakhona. (4)

8.6 Phawula ngalokhu kule nkondlo:

8.6.1 Izitanza (1)

8.6.2 Imigqa (1)
[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 9

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



[Sithathwe ku inthanethi]

9.1 Bhala **ubunye** bamagama alandelayo:

9.1.1 amaswidi (½)

9.1.2 izithelo (½)

9.2 Sebenzisa lo musho ukwenza umsebenzi olandelayo.

"Ngiyavuma noma ngizithanda izithelo zomnotho wezwe …"

9.2.1 Tomula isivumelwano sikamenziwa. Bhala impendulo kuphela. (½)

9.2.2 Tomula ongumnini. Bhala igama elinempendulo kuphela. (½)

9.3 Bhala **ondaweni** bamagama akubakaki.

9.3.1 Kukhona amaswidi (umlomo) wakhe. (1)

9.3.2 Uhleli (isihlalo) esifishane. (1)

9.3.3 Ucela izithelo (abantwana) bakhe. (1)

IEB Copyright © 2022

9.4 Guqula lezi zitatimende zibe yimibuzo. Igama eligqamile kufanele libe yimpendulo yombuzo wakho. Bhala **umusho ophelele nophawu lokubuza**.

9.4.1 Ubaba uthanda izinto **ezimnandi**. (1)

9.4.2 Udla njalo **ngehora lesithupha**. (1)

9.4.3 Udla amaswidi **ayishumi** kanye ngosuku. (1)

9.5 Lungisa amagama akubakaki ukubhala **iziphawulo** ezifanele. Bhala impendulo kuphela.

9.5.1 Yena (kukhulu) ngempela. (1)

9.5.2 Umnumzane (kufishane) kunami. (1)
[10]

UMBUZO 10

Sebenzisa umbhalo ongezansi ukwenza umsebenzi olandelayo.



[Sithathwe ku inthanethi]

10.1 Qala le misho njengoba ukhonjisiwe. **Bhala imisho ephelele**.

10.1.1 Abantu baphuzela ekhaya ngezimpelasonto.

Cha … (1)

10.1.2 Utshwala buzovalwa eNingizimu Afrika.

Cha … (1)

10.1.3 Yena ulimale engozini yemoto.

Ngo 2010 … (1)

IEB Copyright © 2022

10.1.4 Abantu besilisa baphuza kakhulu amanzi amponjwana.

Umuntu … (1)

10.2 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile.

10.2.1 **Utshwala** nje obuncane buzophazamisa **ingqondo** yakho. (2)

10.2.2 **Izimoto** zakhona **zinamasondo** angaphephile. (2)

10.3 Bhala **izikhuliso** zamagama alandelayo.


10.3.1 Imoto (1)

10.3.2 ingozi (1)

[10]

UMBUZO 11

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sithathwe ku inthanethi]

11.1 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuzwakale kahle.

11.1.1 Uthisha ubhala (ipeni) elimnyama. (1)

11.1.2 Izingane zifunda izibalo kabili (usuku) (1)

IEB Copyright © 2022

11.2 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samagama agqamile.

11.2.1 **Uthisha** wami weZibalo uyawuthanda umsebenzi wakhe. (1)

11.2.2 Uma **ingane** ibanga umsindo uyathetha. (1)

11.3 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuvele **impambosi** efanele.

11.3.1 Uma izikole zivaliwe izingane (ufunda) ekhaya. (1)

11.3.2 Uma efundisa ekilasini (uzwa) kahle. (1)

11.4 Bhala **amabizomuntu** wamagama alandelayo.

11.4.1 Fundisa (1)

11.4.2 Lalela (1)

11.5 Sebenzisa amagama alandelayo emishweni ukukhombisa umehluko.

11.5.1 bhala (1)

11.5.2 bala (1)

[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2022